



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**2017**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 100**

**Le memorandum inamakhasi ayi-13.**

**ISIQEPHU A: Imemorandamu Yezindaba****QAPHELA:**

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniwe ngamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho okuqukethwe, ulimi & isitayela: inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenihla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezixenye. Ayikho ingxenye engenihla noma engezansi.

**AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-50]**

| Okungabonwa ngakho                                                                                                                                                                        |                    | Okungavamile                                                                                                                                                                                                                                       | Okunekhono                                                                                                                                                                                                  | Okusendimeni                                                                                                                                                                                                            | Okuqalisayo                                                                                                                                     | Akwanelisi                                                                                                                                 |
|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|--------------------|----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|--------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
| <b>OKUQUKETHWE &amp; UHLAKA/UKUHFLELA</b><br><br>(Izipendulo kanye nemibono) Ukuhlela imibono uyihlelela uhlaka Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo<br><br><b>AMAMAKI ANGAMA-30</b> | Ingxenye engenihla | <b>28–30</b>                                                                                                                                                                                                                                       | <b>22–24</b>                                                                                                                                                                                                | <b>16–18</b>                                                                                                                                                                                                            | <b>10–12</b>                                                                                                                                    | <b>4–6</b>                                                                                                                                 |
|                                                                                                                                                                                           |                    | -Ipendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile.<br>-Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekombisa ukuvuthwa komqondo.<br>-Ihleleke ngobunyoni, ngokulandelana kanye nokuxhumana kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.       | -Ipendulo yakheke kahle.<br>-Imibono eshaya emhloveni nehlalahlalile. enokuvuthwa komqondo.<br>-Ihleleke kahle kakhulu, inokulandelana kanye nokuxhumana kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. | -Ipendulo eyanelisayo.<br>-Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhloveni.<br>-Ihleleke ngokusendimeni, inokulandelana nokuxhumana kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.                                  | -Ipendulo ikhombisa ukungahlangani<br>-Imibono engacacile nokungeyona eyokuzisungulela<br>-Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana. | -Ipendulo enhlanhlathayo.<br>-Imibono edidayo nengamemi.<br>-Akuzwakali, kunokuphindaphinda.<br>-Akukho ukuhlela kanye nokulandelana.      |
|                                                                                                                                                                                           | Ingxenye engezansi | <b>25–27</b>                                                                                                                                                                                                                                       | <b>19–21</b>                                                                                                                                                                                                | <b>13–15</b>                                                                                                                                                                                                            | <b>7–9</b>                                                                                                                                      | <b>0–3</b>                                                                                                                                 |
|                                                                                                                                                                                           |                    | -Ipendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi ezinembayo.<br>-Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha.<br>-Ikhombisa ikhono lokuhlela, ukulandelana kanye nokuxhumana kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. | -Ipendulo yakheke kahle.<br>-Imibono ehambisanayo nendaba nehlalahlalile.<br>-Ihleleke kahle, inokulandelana nokuxhumana kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.                                 | -Ipendulo enembayo kodwa intula ukucacisa.<br>-Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka.<br>-Kukhona okukhomba ukuhlela, ukulandelana kanye nokuxhumana kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. | -Ipendulo engashayi emhloveni.<br>-Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida.<br>-Ukuhlela kanye nokulandelana akukho.                   | -Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko.<br>-Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene.<br>-Akuqondene nesihloko futhi kuphithene. |

**AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-50] (kuyaqhubeka)**

| Okungabonwa ngakho                                                                                                                                                                                                                                                        |                     | Okungavamile                                                                                                                                                                                                                                                                  | Okunekhono                                                                                                                                                                                                                              | Okusendimeni                                                                                                                                                                                                                                                             | Okuqalisayo                                                                                                                                                                                                                                                                                    | Akwanelisi                                                                                                                                                                                                                                                |
|---------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|---------------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|--------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
| <b>ULIMI, ISITAYELA &amp; UKULUNGISA AMAPHUTHA</b><br><br>Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo Ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo kanye nesipelingi.<br><br><b>AMAMAKI AYI-15</b> | Ingxenywe engenhlia | <b>14–15</b>                                                                                                                                                                                                                                                                  | <b>11–12</b>                                                                                                                                                                                                                            | <b>8–9</b>                                                                                                                                                                                                                                                               | <b>5–6</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                     | <b>0–3</b>                                                                                                                                                                                                                                                |
|                                                                                                                                                                                                                                                                           |                     | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle ngokwedlulele nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu.<br>-Akunamaphutha nhlobo ohlelweni kanye nesipelingi.<br>-Ikhombisa ikhono eliphezulu kakhulu lokubumba. | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Ulimi lufanelekile.<br>-Kukhombisa ukungabi namaphutha amaningi ohlelweni kanye nesipelingi.<br>-Ibumbeka kahle kakhulu.            | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokusendimeni nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo<br>-Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe.<br>-Kunamaphutha amaningana ohlelo nesipelingi.           | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi.<br>-Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe.<br>-Maningi kakhulu amaphutha ohlelo nesipelingi. | -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Ulimi aluqondakali.<br>-Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda indaba.<br>-Uhlelo nesipelingi kukhombisa ukuba yinkinga kakhulu. |
|                                                                                                                                                                                                                                                                           | Ingxenywe engezansi | <b>13</b>                                                                                                                                                                                                                                                                     | <b>10</b>                                                                                                                                                                                                                               | <b>7</b>                                                                                                                                                                                                                                                                 | <b>4</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                       |                                                                                                                                                                                                                                                           |
|                                                                                                                                                                                                                                                                           |                     | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka.<br>-Akunamaphutha angakanani ohlelweni kanye nesipelingi.<br>-Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba.                   | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokusezingeni nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile<br>-Kukhombisa ukuba namaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi<br>-Ibumbeka kahle | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokugculisayo nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa.<br>-Ukusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo.<br>-Maningi amaphutha ohlelo nesipelingi. | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama akuhambisani kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Ukusetshenziswa kolimi okungekho endimeni.<br>-Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho.<br>-Ulwazimagama olunomkhawulo.<br>-Maningi ngokwedlulele amaphutha ohlelo nesipelingi.          |                                                                                                                                                                                                                                                           |
| <b>ISAKHIWO</b><br>Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho<br><br><b>AMAMAKI AYISI-5</b>                                                                                                                                                    |                     | <b>5</b>                                                                                                                                                                                                                                                                      | <b>4</b>                                                                                                                                                                                                                                | <b>3</b>                                                                                                                                                                                                                                                                 | <b>2</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                       | <b>0–1</b>                                                                                                                                                                                                                                                |
|                                                                                                                                                                                                                                                                           |                     | -Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo.<br>-Ukucacisa okunembayo<br>-Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu.                                                                                                                                                                      | -Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba.<br>-Ukulandelana nokuhleleka kwezigaba.<br>-Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile.                                                                                                             | -Ukuthuthuka kwendaba okulindelekile.<br>-Imisho nezigaba kuhleleke kahle.<br>-I-eseyi isenawo umqondo.                                                                                                                                                                  | -Amaphuzu ambalwa azwakalayo.<br>-Imisho kanye nezigaba kunamaphutha.<br>-I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha.                                                                                                                                                                            | -Amaphuzu awatholakali.<br>-Imisho kanye nezigaba akuhlelekile.<br>-I-eseyi ayinamqondo.                                                                                                                                                                  |
| <b>UKWABIWA KWAMAMAKI</b>                                                                                                                                                                                                                                                 |                     | <b>43–50</b>                                                                                                                                                                                                                                                                  | <b>33–40</b>                                                                                                                                                                                                                            | <b>23–30</b>                                                                                                                                                                                                                                                             | <b>13–20</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                   | <b>0–10</b>                                                                                                                                                                                                                                               |

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q: Okuqukethwe
- Sk: Isakhiwo
- L : Ulimi
- St: Isitayela
- Pt: Amaphutha
- Hl: Uhlaka

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

- QHI =30 (25+5)
- LSP =15 (8+4+3)
- Sk = 05

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.

PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.

L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.

// – khombisa isigaba esisha.

NK – inkathi engemukelekile.

GL – amagama awalandelani ngokufanele.

R – irejista.

KM – akwenzi umqondo.

ISIV. – isivumelwano esingavumelani.

AK – akudingekile.

^ – kunegama elingekho.

GN – igama elingcono.

/ –ukwehlukanisa amagama

( ) –ukuhlanganisa amagama

Pp – ukuphindaphinda amagama

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba.
- Umzimba:
  - Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
  - Izigaba zihleleke kahle / umqondo osekelayo.
  - Umbhalo nombhalo mawuhambelane nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho:
  - Siyisigaba esisodwa.
  - Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
  - Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa /ukweluleka / ukuxolisa.

**OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

|                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                      |                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                              |                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                         |
|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|---------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
| <p><b>1.1 Mhla Ngilandelwa Izintatheli.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Inkathi edlule.</li> <li>• Chaza isihloko ngamafuphi.</li> <li>• Zazikulandela kuphi, nini?</li> <li>• Kwakwenzenjani?</li> <li>• Imithelela empilweni yakho mayelana:             <ul style="list-style-type: none"> <li>- isithunzi sakho.</li> <li>- umsebenzi wakho.</li> <li>- ikusasa lakho.</li> <li>- ukuthinteka komndeni wakho.</li> </ul> </li> <li>• Yisiphi isinyathelo owasithatha ukugeza igama lakho/ ukuveza iqiniso ngokushiwo ngawe?</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>                                                                                               | <p><b>1.2 Impumelelo Iyabashintsha Abantu.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Inkathi yamanje neyedlule.</li> <li>• Chaza isihloko ngamafuphi.</li> <li>• Chaza ukuthi labo bantu babephila kanjani bengakaphumeleli.</li> <li>• Ushintsho olwenziwa abantu uma sebephumelele:             <ul style="list-style-type: none"> <li>- babukela abanye abantu phansi.</li> <li>- bashintsha indawo yokuhlala.</li> <li>- bashintsha abangani.</li> <li>- bashintsha indlela abagqoka ngayo.</li> <li>- bakhetha izindawo abazihambelayo.</li> </ul> </li> <li>• Isifundo ngabantu abanempilo esishintshile.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p> | <p><b>1.3 Ukubaluleka Kokwazi Amalungelo Akho.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Inkathi yamanje.</li> <li>• Chaza ukuthi yini amalungelo.</li> <li>• Asebenza nini, kuphi, kanjani?</li> <li>• Izibophezelo ezihambisana namalungelo.</li> <li>• Amalungelo ezindaweni ezahlukeneyo:             <ul style="list-style-type: none"> <li>- aqondene nempilo yomuntu.</li> <li>- esikoleni.</li> <li>- emsebenzini.</li> <li>- emphakathini.</li> <li>- phakathi kwezinye izinhlanga.</li> <li>- ekuthatheni izinqumo.</li> </ul> </li> <li>• Imiphumela yokwazi ngamalungelo akho.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p> |
| <p><b>1.4 Ubuhle Nobubi Bokuba Nenja Ekhaya.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Inkathi yamanje.</li> </ul> <p><b>Ubuhle:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ubudlelwane namalungu omndeni.</li> <li>• Ukusiza uma kukhona oyimpumputhe ekhaya.</li> <li>• Ukuvikela ikhaya.</li> <li>• Ukuzingela.</li> <li>• Imikhuba yayo ehlaba umxhwele.</li> </ul> <p><b>Ububi:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukuxabanisa umndeni nomakhelwane.</li> <li>• Ukuyinakekela kuyabiza.</li> <li>• Ukuluma abantu.</li> <li>• Umsindo, ukungcolisa nokuklwebha izimoto.</li> <li>• Ukujikela amalungu omndeni.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p> | <p><b>1.5 Kungabe Ezemidlalo Ziyakuphazamisa Yini Ukufunda Ezikoleni?</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Inkathi yamanje.</li> </ul> <p>Amaphuzu <b>avumelana</b> nesihloko:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukushayisana kwesikhathi sezemidlalo nesokufunda.</li> <li>• Abafundi banaka kakhulu ezemidlalo kunezifundo.</li> <li>• Ukuhamba isikhathi eside nezemidlalo.</li> <li>• Ukukhathala kwabafundi bangakwazi ukufunda nokwenza imisebenzi yesikole ekhaya.</li> </ul>                                                                                                                                                              | <p><b>1.6 Impilo Ngaphandle Kwezinkundla Zokuxhumana.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Inkathi yamanje.</li> <li>• Izinhlobo zezinkundla zokuxhumana.</li> <li>• Ubuhle bezinkundla zokuxhumana:             <ul style="list-style-type: none"> <li>- ukonga nokuchitha isikhathi.</li> <li>- ukwenza ubudlelwane nabanye abantu.</li> <li>- ukuxhumana nabantu abanengi ngesikhathi esisodwa.</li> <li>- ukuthola ulwazi olunhlobonhlobo.</li> <li>- ukuthola izithombe nama-video.</li> <li>- ukuthola izindaba ezenzeka emhlabeni wonke.</li> </ul> </li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>                           |

|                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                              |                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                              |  |
|----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|--|
|                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                              | <p>Amaphuzu <b>aphikisana</b> nesihloko:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukubaluleka kwezemidlalo ezikoleni.</li> <li>• Amathuba atholwa abafundi.</li> <li>• Ukuvunjululwa kwamathalente.</li> <li>• Imifundaze etholwa abafundi ngezemidlalo.</li> <li>• Ukuthola ithuba lokubona izindawo.</li> <li>• Ukuthola ithuba lokuhlangana nabadlali abavelele/abadumile.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>                                                                                                                                                                                                                                                                                          |  |
| <p><b>1.7.1 Isithombe</b></p> <p><b>Nikeza indaba isihloko esiyifanele.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Izihloko ziyokwehluka, Isib. Uthando.</li> <li>• Ukuchaza ngamafuphi ngezinhlobo zothando.</li> <li>• Uphawu lokukhombisa uthando.</li> <li>• Ukubambisana kwezithandani.</li> <li>• Izipho abanikana zona ezikhombisa nezivuselela uthando.</li> <li>• Ukugquguzela ukuthandana kubantu.</li> <li>• Ukusekelana ezimweni ezahlukene.</li> <li>• Ukukhula othandweni.</li> </ul> <p><b>QAPHELA:</b> Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p> | <p><b>1.7.2 Isithombe</b></p> <p><b>Nikeza indaba isihloko esiyifanele.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Izihloko ziyokwehluka, Isib. Iziteleka zokulethwa kwezinsiza zomphakathi.</li> <li>• Izimbangela.</li> <li>• Izinto ezenziwa abantu uma beteleka: <ul style="list-style-type: none"> <li>- ukushisa amathayi emgwaqweni.</li> <li>- ukushisa izakhiwo.</li> <li>- ukuntshontsha impahla yabanye abantu.</li> <li>- ukudutshulwa nokushaywa kwabantu.</li> <li>- ukungayi kwabantu emsebenzini nabafundi ezikoleni.</li> </ul> </li> <li>• Imiphumela.</li> </ul> <p><b>QAPHELA:</b> Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p> |  |

**ISIQEPHU B: AMARUBRIKI OKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA  
[AMAMAKI ANGAMA-30]**

| <b>Okungabonwa ngakho</b>                                                                                                                                                                                                                                        | <b>Okungavamile</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                   | <b>Okunekhono</b>                                                                                                                                                                                                                                                                    | <b>Okusendimeni</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                        | <b>Okuqalisayo</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                            | <b>Akwanelisi</b>                                                                                                                                                                                                                                                              |
|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|--------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|---------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|--------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
| <b>OKUQUKETHWE, UKUHLELA NESAKHIWO</b><br><br>Impendulo kanye nemibono<br>Ukuhlela imibono<br>Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo<br><br><b>AMAMAKI AYI-18</b>                                                                                   | <b>15–18</b><br><br>-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile.<br>-Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo.<br>-Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo.<br>-Umbhalo unamathele esihlokweni.<br>-Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana.<br>-Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko.<br>-Isakhiwo esifanele nesicacile. | <b>11–14</b><br><br>-Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo.<br>-Inamathele esihlokweni.<br>-Akunamaphutha amaningi.<br>-Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko.<br>-Isakhiwo esifanele esingenamaphutha amaningi. | <b>8–10</b><br><br>-Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo.<br>-Ayinamathele kahle esihlokweni.<br>-Inamaphutha ambalwa.<br>-Ukulandelana kwemibono kokuqukethwe kufanelekile.<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko.<br>-Isakhiwo esifanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa. | <b>5–7</b><br><br>-Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo.<br>-Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha amaningi.<br>-Ukulandelana kwamaphuzu kokuqukethwe kubuye kungabonakali.<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko.<br>-Usebenzise ngokunganele imithetho yesakhiwo.<br>-Kukhona okumbalwa okubalulekile. | <b>0–4</b><br><br>-Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo.<br>-Umbhalo uyanhlahlatha, kunamaphutha amaningi kakhulu.<br>-Imibono ayilandelani nhlobo.<br>-Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko.<br>-Akasebenzisanga nhlobo imithetho yesakhiwo. |
| <b>ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA</b><br><br>Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo. Ukuqinisekiswa kolimi kanye nezimiso. Ukukhethwa kwamagama, izimpawu zokuloba kanye nesipelingi<br><br><b>AMAMAKI AYI-12</b> | <b>10–12</b><br><br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu.<br>-Akunamaphutha nhlobo.                                                                                                                                           | <b>8–9</b><br><br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle.<br>-Akunamaphutha amaningi.                                                                                          | <b>6–7</b><br><br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Kunamaphutha ambalwa.<br>-Amaphutha awawuphazamisi umqondo.                                                                                                                              | <b>4–5</b><br><br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi.<br>-Umqondo ufiphele.                                                                                                                                                                  | <b>0–3</b><br><br>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Kugcwele amaphutha futhi kuyadida.<br>-Umqondo uyanhlahlatha kakhulu.                                                                                   |
| <b>UKWABIWA KWAMAMAKI</b>                                                                                                                                                                                                                                        | <b>25–30</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                          | <b>19–23</b>                                                                                                                                                                                                                                                                         | <b>14–17</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                               | <b>9–12</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                   | <b>0–7</b>                                                                                                                                                                                                                                                                     |

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q: Okuqukethwe
- Sk: Isakhiwo
- L: Ulimi
- St: Isitayela
- Pt: Amaphutha

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

- QSk =18
- LSP =12 (7+3+2)

## OKULINDELEKILE:

### 2.1 Incwadi Yobungani

- Ikheli lobhalayo esandleni sokudla elihambisana nosuku olubhalwe ngokugcwele, Isib.(12 kuNhlaba 2017 / 12 Meyi 2017 / 12.05.2017 / 12/05/2017)
- Isingeniso: Isigaba sokuqala esifishane, umfundi akakhombise ukuthi bayazana nalo ambhalelayo.
- Umzimba: Isigaba sesibili, umfundi akahlale phezu kodaba olumenze wabhala incwadi.  
Isigaba sesithathu, umfundi akenabe ngalokhu abhale ngakho esigabeni sesibili.
- Isiphetho: Isigaba sokugcina esifishane, akakhonze abonge noma adlulise umyalezo.
- Isivaleliso masikhombise ubuhlobo: Yimina umngani wakho  
uNolwazi
- Amagama awabe inani elifanele.

### 2.2 Incwadi Yokuzichaza (CV) Nencwadi Eyisiphelekezelo (Covering Letter)

#### Incwadi Yokuzichaza (CV):

##### **Imininingwane eqondene nawe:**

- Isibongo, amagama akho aphelele, usuku lokuzalwa, inombolo kamazisi, ubulili, ubuzwe, izilimi ozikhulumayo, ikheli, inombolo yocingo/iselula nezincwadi zokushayela.

##### **Imininingwane eqondene nemfundo:**

- Isikole, ibanga, unyaka, izifundo, izitifiketi nokunye okuhambisana nemfundo.

##### **Imininingwane eqondene nomsebenzi:**

- Uhlobo lomsebenzi, indawo, isikhathi osisebenzile lapho, isipiliyoni nokunye okuhambisana nomsebenzi.

##### **Imininingwane ngofakazi:**

- Igama nesibongo, isikhundla, inombolo yocingo nokunye okuqondene nofakazi.

### **Incwadi Eyisiphelekezelo (Covering Letter)**

- Ikheli lobhalayo alibe ngasesandleni sokudla lihamba nosuku, Isib.(3 kuNhlangulana 2017 / 3 Juni 2017 / 03.06.2017 / 3/06/2017).
- Ikheli lobhalelwayo alibe ngasesandleni sokunxele liqale ngesikhundla sobhalelwayo.
- Obhalelwayo makabingelelwe ngesizotha, Isib. Mnumzane.
- Qala ngomusho oyisihloko.
- Esigabeni sokuqala umfundi akahlale phezu kodaba olumenze wabhala incwadi.
- Esigabeni sesibili umfundi akacacise ukuthi imininingwane yonke isencwadini yokuzichaza.
- Isiphetho masibe sifishane sifingqe isicelo.
- Isivaleliso masikhombise isizotha: Yimina Ozithobayo  
uDumisani Zondi (Mnu.)
- Amagama awabe inani elifanele.

### **2.3 Indatshana yephephandaba.**

Kumele kube nalezi zihlokwana ezilandelayo:

- Isihloko masibhalwe ngokugqamile.
- Usuku negama lephephandaba.
- Igama lombhali.
- Igama lendawo lobhalayo.
- Amaphuzu ahambisana nemibono yombhali.
- Akuvele ukungahambisani nomkhuba wama-blessers.
- Akuvele umphumela noma izinkinga ezilethwa abesifazane abathandana nama-blessers.
- Amagama awabe inani elifanele.

### **2.4 Inkulumo**

- Isihloko okhuluma ngaso.
- Isingeniso: Ukubingelela nokungenisa inkulumo yakho ngendlela ehehayo.
- Umzimba: Inkulumo mayikhule ifike kuvuthondaba.
- Isiphetho: Ukubonga ithuba olinikiwe.
- Ukuhlela kahle amaphuzu.
- Ukusetshenziswa kolimi ngendlela efanele.
- Amagama awabe inani elifanele.

**ISIQEPHU C: AMARUBRIKI OKUHLOLA UMBHALO OMFISHANE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA  
[AMAMAKI ANGAMA-20]**

| Okungabonwa ngakho                                                                                                                                                                                                                                                       | Okungavamile                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                      | Okunekhono                                                                                                                                                                                                                                                           | Okusendimeni                                                                                                                                                                                                                                                                                          | Okuqalisayo                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                               | Akwanelisi                                                                                                                                                                                                                                                                    |
|--------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|---------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
| <b>OKUQUKETHWE, UKUHLELA NESAKHIWO</b><br><br>Impendulo nemibono<br>Ukuhlela imibono<br>Izimpawu/Izimiso kanye nesimo<br><br><b>AMAMAKI AYI-12</b>                                                                                                                       | <b>10–12</b><br>-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile.<br>-Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo.<br>-Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo.<br>-Umbhalo unamathele esihlokweni.<br>-Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana.<br>-Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko.<br>-Isakhiwo esifanele nesicacile. | <b>8–9</b><br>-Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo.<br>-Inamathele esihlokweni.<br>-Akunamaphutha amaningi.<br>-Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko.<br>-Isakhiwo esifanele esinamaphushana. | <b>6–7</b><br>-Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo.<br>-Ayinamathele kahle esihlokweni.<br>-Inamaphutha ambalwa<br>-Ukulandelana kwemibono kokuqukethwe kufanelekile.<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko.<br>-Isakhiwo esifanelekile kodwa esinamaphutha ambalwa. | <b>4–5</b><br>-Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo.<br>-Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha amaningi.<br>-Ukulandelana kwamaphuzu kokuqukethwe kubuye kungabonakali.<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko.<br>-Usebenzise ngokunganele imithetho yesakhiwo.<br>-Kukhona okumbalwa okubalulekile. | <b>0–3</b><br>-Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo.<br>-Umbhalo uyanhlanhlatha, kunamaphutha amaningi kakhulu.<br>-Imibono ayilandelani nhlobo.<br>-Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko.<br>-Akayisebenzisanga nhlobo imithetho yesakhiwo. |
| <b>ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA</b><br><br>Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo.<br>Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso.<br>Ukukhethwa kwamagama izimpawu zokuloba kanye nesipelingi.<br><br><b>AMAMAKI AYISI-8</b> | <b>7–8</b><br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu.<br>-Akunamaphutha nhlobo.                                                                                                                                             | <b>5–6</b><br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle<br>-Akunamaphutha amaningi.                                                                                | <b>4</b><br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lusendimeni.<br>-Kunamaphutha ambalwa.                                                                                                                          | <b>3</b><br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi.<br>-Umqondo ufiphele.                                                                                                                                                                    | <b>0–2</b><br>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo.<br>-Kugcwele amaphutha futhi kuyadida.<br>-Ulwazimagama aluhambisani nenhloso.<br>-Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu.                                             |
| <b>UKWABIWA KWAMAMAKI</b>                                                                                                                                                                                                                                                | <b>17–20</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                      | <b>13–15</b>                                                                                                                                                                                                                                                         | <b>10–11</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                          | <b>7–8</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                | <b>0–5</b>                                                                                                                                                                                                                                                                    |

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q: Okuqukethwe
- Sk: Isakhiwo
- L: Ulimi
- St: Isitayela
- Pt: Amaphutha

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

- QSk =12
- LSP =08 (4+2+2)

**OKULINDELEKILE:****3.1 IFLAYA**

- Mayifakwe ebhokisini.
- Isihloko sokukhangiswayo masigqame.
- Sebenzisa ifonti ehlukeni.
- Sebenzisa ulimi oluheha amakhasimende.
- Imininingwane elindelekile:
  - indawo.
  - izikhathi zokuwasha/zokugeza izimoto.
  - amanani.
  - izinombolo zocingo/umakhalekhukhwini.
- Amagama awabe inani elifanele.

**3.2 IDAYARI**

- Ayifakwe ebhokisini.
- Obhalayo kumele aqale ngokubhala usuku nelanga.
- Kumele ibe senkathini ezayo.
- Kumele ubhale izigaba ezimfishane.
- Kusetshenziswa ulimi olukhululekile.
- Okuqukethwe makunamathele emyalelweni.
- Izinsuku mazihlukaniswe ngokweqa umugqa.
- Makuvele abazokwenza kusukela ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu.
- Amagama awabe inani elifanele.

**3. 3 IMIYALELO**

- Thatha umazisi wakho kanye nemiphumela yebanga le-11 noma imiphumela kaMatikuletshehi uma ikhona.
- Iya ehhovisi leSifunda sezeMfundo (District Office) lendawo ozobhalela kuyona.
- Thola imininingwane mayelana nekhathulamu esetshenziswayo.
- Ehhovisi uzocela uhlu lwamaqoqo ezifundo ezibhaliselwayo.
- Khetha isikhungo (Centre) ozobhalela kusona.
- Khetha izifundo ofuna ukuzibhala.
- Cela amafomu bese ugcwalisa imininingwane yakho kanye nezifundo ozikhethile.
- Thola incazelo ngezindawo ozothola kuzo usizo ngezifundo ozibhalisile.
- Uma sekuphume uhlelo lwezikhathi zokuhlolwa (time table) vakashela ehhovisi leSifunda salapho owawubhalisele khona uyolulanda.
- Emva kwalokho lungela ukubhala ukuhlolwa kwakho.
- Amagama awabe inani elifanele.

**OKULINDELEKILE MAYELANA NOBUDE NOBUFISHANE BEMIBHALO**

- Uma amagama eke noma ehle esukela kwayi-1 kuya kwayi-5 kuyokwamukeleka.
- Uma amagama eke noma ehle esukela kwayi-6 kuya kwayi-10 kuyosuswa imaki eli-1.
- Uma amagama eke noma ehle esukela kwayi-11 kuya kwayi-15 kuyosuswa amamaki ama-2.
- Uma amagama eke noma ehle esukela kwayi-16 kuya kwangama-20 kuyosuswa amamaki ama-3.